Ngaphambi-ke kokuthi siqala umsebenzi wethu ngizothanda ukuthi sikhumbuzane ngale **minxa** yolimi esikhulume ngayo ngennhla ukuze singene kahle endimeni entsha yakulo nyaka.

## 2. IMINXA YOLIMI NGOKWEHLUKANA KWAYO

### 2.1 Imfundomsindo (Ifonethiksi)

Imfundomsindo singathi nje kafushane isayensi yokucubungula ngemisindo yenkulumo, hhayi noma imiphi nje imisindo, kodwa leyo ephinyiswa yizitho zenkulumo ngenhloso yokuba sizwane njengokwemigomo yolimi. Lapha kumfundomsindo imisindo iyachazwa, ihlelwe ngononina. Lapha sisuke sicubungula ukuthi imisindo enhlobonhlobo iphinyiswa kanjani, sibheka ukuthi yiziphi izitho zenkulumo ezisuke zisetshenziswa ngaleso sikhathi kuphinyiswa leyo misindo. Lapha sikhuluma ngemisindo ephinyiswa ngabantu.

### 2.2 Ingcwengazinhlamvu (Ifonoloji)

Ingcwengazinhlamvu icubungula ubudlelwane obukhona phakathi kwezinhlamvu ezisondelene noma ezithi azisondelane. Ingcwengazinhlamvu ithanda ukujula kunemfundomsindo, kumfundomsindo sichaza imisindo siphinde siyihlele kanti kungcengazinhlamvu sicungula kabanzi ngezinhlamvu ngokwensebezo yazo nokuhambelana noma ukungahambelani kwazo. EsiZulwini kukhona izinhlamvu ulimi olungazivumeni ukuba zilandelane, kungaba onkamisa noma ongwaqa njengalokhu sikuthola kwenzeka kwezinye izilimi. Ezimeni ezinjalo-ke esiZulwini siye sibe nezisombululo zokuxazulula izinkinga ezinjalo. Lapha singabala ukulumbana konkamisa, ukweqiwa konkamisa, ukwenyuswa konkamisa, ukugwaqazisa, ukunkankazisa, ukulwangisa, ukunsininiza, ukundebezisa, ukulakazisa kanye nokufanisa.

indlela amagama asebenza ngayo ngendlela esobala nendlela ecashile noma ejulile. Isib. Abafana baqhuba inkomo. Khiphani abafana izulu liyahloma. Lapha sikhuluma ngencazelo yamagama acashe ezageni, ezishweni, amagama amqondofana (isib. ukujabula > ukuthokoza), amagama amqondophika (ufile > uyaphila), amagama angomabizwafane (abafana bezulu > abafana abelusayo) nophimbohluka (ibele likaThoko > hamba uyongikhela ibele elilodwa ensimini).

**Imibuzo yokuzivivinya**

Chaza kafushane ngokuqondwe ngala agama/amatemu alandelayo:

(1) Imfundomsindo (5)

(2) Ingcwengazinhlamvu (5)


(3) Isakhiwomagama (5)

## 3. IMFUNDOMSINDO (IFONETHIKHSI)

Ake siqale-ke manje sibheke imfundomisindo njengoba besesishilo. Le ngxenye esizoyibheka izogxila kakhulu empimisweni yemisindo ukuthi iphinyiswa kuphi nokuthi iphinyiswa kanjani. Ingxenye yesibili siyobe sesibheka izinguquko ezibakhona uma imisindo ethile ithandanisiwe. Lokhu sizokubheka ngeso lokuveza ukufana nomehluko okhona phakathi kwesiZulu nesiXhoza.

(iv) Kubhekwa nokuthi baphinyiswa kuphi ngempela uma uqhathanisa nezindawo nqqo/izimiso nqqo zempimiso.

Onkamisa laba bachazwa kangcono ngokusebenzisa isilinganiso somlomo womuntu esibizwa ngokuthi yishadi lonkamisa. Lesi silinganiso sikhombisa ukuthi onkamisa baphinyiswa kuphi nendawo. Okuqaphelekayo-ke ukuthi bayefana onkamisa besiZulu nabesiXhosa. Ishadi leli elikhombisa umlomo liyinto emi kanje.



Unkamisa a [a] unkamisa osemuva ophansi nomlomo, uphinyiswa phakathi kwezimiso ngqo u 4 no 5 kodwa ngokusondelana no 5, izindebe zomlomo zithi azendlaleke futhi zindilingane ekuphinyisweni kwawo.

**Uma sibachaza ngendlela emfushane**

| | | | |
|---|---|---|---|
| i | [ i ] | : | [unkamisa ophezulu ophambili owendlalekile] |
| e | [ e ] | : | [unkamisa ophezulu maphakathi ophambili owendlalekile] |
| e | [ € ] | : | [unkamisa ophansi maphakathi ophambili owendlalekile] |
| a | [ a ] | : | [unkamisa ophansi osemuva owendlalekile ngokundilingene] |
| u | [ u ] | : | [unkamisa ophezulu osemuva ondilingene] |
| o | [ o ] | : | [unkamisa ophezulu maphakathi osemuva ondilingene |
| o | [ɔ ] | : | [unkamisa ophansi maphakathi osemuva ondilingene] |

### 3.1.2 ONGWAQA

Yini ongwaqa?

Ongwaqa yileyo misindo yempimiso ethi uma iphinyiswa kube nokuphazamiseka komoya emgudwini wawo. Kungaba ukucindezeleka komoya emgudwini wawo kodwa unganqamuki (omahululeka) noma ukunqamuka juqu kwawo emgudwini wawo (omvinjwa). Ongwaqa-ke bahlukene kabili:

**a) Obhamu/omadubula**

Yini le misindo siyibiza ngobhamu noma omadubula?

Le misindo kuthiwa ngobhamu/omadubula ngoba uma iphinyiswa kuba nokungamuka juqu noma ukuvimbeka komoya emgudwini wephimbo kuthi uma usudedeleka udedeleke ngokuqhuma noma ngokubhamuka. Yingakho siye sithi bawela ngaphansi kwemisindo ebizwa ngomvinjwa. bh [ɓ]

**b) Omfuthwa / amahlikihla**

Le misindo ibizwa ngomfuthwa noma omahlikihla ngoba uma iphinyiswa umgudu womoya uyancipha lokho okwenza ukuthi umoya uphume ngokucindezeleka noma ngokunhlinhla phakathi komgudu nendawo yempimiso. Ngesizathu sokuthi umoya awunqamuki juqu sithi omahululeka f [f] & v [v]

**c) Omfuthwambhangqwa / omahlikihlambhangqwa**

Le misindo ibizwa kanjena nje yingoba uma iphinyiswa kuba khona ukungamuka juqu komoya emgudwini wawo endaweni thize yempimiso. Kuthi uma usudedeleka lo moya uphume ngokucindezeleka noma ngokunhlinhla. Lo msindo uyinhlanganisela kamvinjwa nomahululeka [dz] & [illegible]

**d) Umbibithwa**

Umbibithwa yilowo msindo othi uma uphinyiswa kungasetshenziswa umoya oqhamuka emaphashini kepha kusetshenziswe umoya oqhamuka ngaphandle komlomo. Lo moya ungena ngaphakathi ngoba uthi uzogcwalisa isilinganiso somoya osemlonyeni. Ngesikhathi ungena kuphimiseka lo msindo esiwubiza ngokuthi umbibithwa.

[.] umsindo onezwi

[n] umsindo ohamba nomankankane [ng]

[h] umsindo ohambisana nompheshethwa

| Umsindo | Ulimi | Incazelo | Isibonelo | Incazelo yesiNgisi |
|---|---|---|---|---|
| | | ***ONDEBEMBILI – LE MISINDO IBIZWA NGONDEBEMBILI NGOBA UA IPHINYISWA KUHLANGANA IZINDEBE ZOMLOMO ZOMBILI*** | | |
| P > [p'] | isiZulu | Ubhamu ongundebembili ongenazwi onguputshu | ompi > imp'i] | Army |
| | isiXhosa | Ubhamu ongundebembili ongenazwi onguputshu | pasa > [p'asa] | Be out of breath |
| | siSwati | Ubhamu ongundebembili ongenazwi onguputshu | lepipi > [lip'ip'i] | pipe |
| ph > [ph] | isiZulu | Ubhamu ongundebembili ongenazwi ongumpheshethwa | pha > [pha] | Give |
| | isiXhosa | Ubhamu ongundebembili ongenazwi ongumpheshethwa | pha > [pha] | Give |
| | siSwati | Ubhamu ongundebembili ongenazwi ongumpheshethwa | pha > [pha) | give |
| b > [b ] | isiZulu | Ubhamu ongumbibithwa ongundebembili onezwi | bona > [bɔna] | see |

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| d [d] | isiZulu | Ubhamu ongunsinini onezwi ohambisana nomankankane | indoda [indɔḍa] | Man |
| | isiXhosa | Ubhamu ongunsinini onezwi ohambisana nomankankane | indoda [indɔḍa] | Man |
| | siSwati | Ubhamu ongunsinini onezwi ohambisana nomankankane | Indishi [indiʃ i] | bowl |
| s [s] | isiZulu | Umfuthwa ongunsinini ongenazwi | sala [sala] | remain |
| | isiXhosa | Umfuthwa ongunsinini ongenazwi | sala [sala] | |
| | siSwati | Umfuthwa ongunsinini ongenazwi | sala [sala] | |
| z [z] | isiZulu | Umfuthwa ongunsinini onezwi | zama [zama] | try |
| | isiXhosa | Umfuthwa ongunsinini onezwi | iza [iza] | move |
| | siSwati | Umfuthwa ongunsinini onezwi | Iza [iza] | come |
| hl [ɬ] | isiZulu | Umfuthwa ongunsininhlangothi ongenazwi | hlala [ɬala] | Sit |
| | isiXhosa | Umfuthwa ongunsininhlangothi ongenazwi | kuyefana | |
| | siSwati | Umfuthwa ongunsininhlangothi ongenazwi | | |
| dl [ɮ] | isiZulu | Umfuthwa ongunsininhlangothi onezwi | dlala [ɮala] | play |
| | isiXhosa | Umfuthwa ongunsininhlangothi onezwi | kuyefana | |
| | siSwati | Umfuthwa ongunsininhlangothi onezwi | | |
| n [n] | isiZulu | Umankankane ongunsinini onezwi | nona [nɔna] | Be fat |

Isib. Isitsha siafa kuthangi (isitsha safa kuthangi)

b) Kuyenzeka uma seqa unkamisa wesivumelwano senani owandulela isiqu ~~senani~~ – onke/odwa.

Isib. (i)zi- > zionke > zonke (izindlu zonke zimdaka) – isiXhosa

(a)ba- > baodwa > bodwa (abantu bodwa abahambayo) – isiZulu

Lokhu kubuye kwaziwe ngenguquko eyenzeka ekwakhiweni kwezabizwana. Unkamisa wesivumelwano uyeqiwa kusale isakhi sesabizwana u /o/.

c) Kuyenzeka futhi uma isivumelwano senhloko / sikamenzi sihlangana nesenzo esiqala ngonkamisa.

Isib. (i)li- > lieba> leba (Ixhwile leba iibokwe) – isiXhosa

(a)ba- >baosa > bosa (Abafana bosa inyama – isiZulu

d) Kuyenzeka lapho isabizwana sokukhomba sikhomba indawo yesibili neyesithathu bese kuthi usingankamisa eqiwe bese kusala onkamisamaphahla. Lokhu kutholakala esiXhoseni kuphela akukho esiZulwini,

Isib. abaya > abaa (Ndijonge abantu abaa) - isiXhosa

e) Kuyenzeka futhi eziqalweni zamabizo uma kwakhiwa ubuningi, ungwaqa uyeqiwa bese kusala onkamisamaphahla. Lokhu kwenzeka esiXhoseni kuphela ngoba onkamisamaphahla abavumelekile esiZulwini.

### 1.1.2.2 UKWEQIWA KONKAMISA NGOKUTHANDA

Lokhu ukweqa nje okungenawo neze umthelela ekuguquleni umqondo wegama noma umusho. Kuvamise ukuthi kube unkamisa wokugcina wegama oweqiwayo. Lokhu kuvame enkulumeni esheshayo kanjena:

i) Kuyenzeka uma ibizo lilandelwa yisiphawulo noma yisibaluli.

Isib. Umnt' ontsundu

ii) Kuyenzela uma isichasiso sandulela ibizo.

Isib. ezakh' iinkomo
Obomv' umntu

iii) Uma isabizwana soqobo somuntu wesithathu sandulela ibizo.

Isib. lon' iigusha ~~linetakane~~

iv) Uma inani landulela ibizo.

Isib. bonk' abafaz' banxilile.

v) Kuyenzeka uma isenzo silandelwa yigama eliqala ngonkamisa.

Isib. ndisel' umqombothi

Isib. ufuna izinja zini > ufuna zinja zini?

### 1.1.3 UKUGWAQAZISA

Lena ingenye yezinguquko ezixazulula inkinga yonkamisamaphahla (onkamisa abahlalelene). Uma onkamisa belandelana ngendlela yokuthi abakwazi ukulumbana futhi abakwazi ukweqeka. Omunye walabo nkamisa uyaguquka abe usingankamisa / unxankamisa. Lokhu kuguquka kukankamisa abe ungwaqa kwaziwa ngokuthi <u>ukungwaqazisa</u>. Kuvame ukuthi onkamisa abasemuva baphenduke usingankamisa /w/ kuthi abaphambili bona baphenduke usingankamisa /y/. Lokhu kutholakala kulokhu okulandelayo:

a) Uma isivumelwano senhloko u /u/ noma u /i/ andulela unkamisa.

Isib. u- + akhile > <u>w</u>akhile (Umuzi wakhile)

b) Uma isiqalo u uku- no ulu- bandulela isiqu esiqala ngonkamisa.

Isib. uku- + akha > uk<u>w</u>akha (Ukwakha umzi kuhle).

c) Uma izivumelwano zesigaba uku- no ulu- zandulela onkamisa.

Isib. usuku + ini > osuk<u>w</u>ini

isango + ini > esang<u>w</u>eni

d) Uma kwakhiwa izinciphiso ngokusebenzisa isijobelelo u –ana.

utywala

(b > ty) isiXhosa

ubu- + ala > ubwala > utshwala (b > tsh) isiZulu

## 1.3 UKUNKANKAZISA

Lena yinguquko elethwa umankankane u /n/ weziqalo zamabizo zesigaba in- no izin-. Lo mankankane unamandla okuguqula imisindo emlandelayo ibe omankankane noma yena athathe isimo saleyo misindo. Uma elandela undebembili naye uyaguquka abe undebembili. Ngenxa yalokhu kuguquguquka kwakhe lo mankankane ubizwa ngokuthi umankankane onguqunguqu. Wenza leyo misindo enompheshethwa ilahlekelwe umpheshethwa wayo. Lokhu-ke kwenzeka lapha:

1.3.1 Emabizweni aziqu zawo ziqala ngeziqalo u iN- no iziN- emabizweni asuselwa ezenzweni.

a) Isib. phila

In+phila

impilo

b) banga
in+banga
imbangi

1.3.2 Uma kuphongozwa izivumelwano zesiphawulo eziqwini zaso isiphawulo.

Isib. khulu

## AKE UZIVIVINYE MFUNDI SIBONE

1. Bhala imisindo elandelayo ngobhalomagama lwemfundomsindo yichaze:

**t [t']** **- ubhamu onguputshu ongunsinini ongenazwi**

(i) ts

(ii) ngq

(iii) dy

(iv) bh

(v) mf

(vi) tsh

(vii) t

(viii) nyh

2. Bhala amagama alandelayo ngobhalomagama lwemfundomsindo: **Isibonelo:- iselelesi [iselelesi]**

(i) Ushukela

(ii) Ibhola

wesekele ngesibonelo ngasinye kulolo nalolo limi endaweni ngayinye yempimiso. Khetha zibe nhlanu kuphela. [25]

7. Ngabe izindawo zempimiso ziyefana yini kongwaqa besiZulu nabesiXhosa? Veza lokhu ngokusebenzisa obhamu / omadubula. [25]

8. Ngabe kukhona yini ukwehluka nokufana komankankane besiZulu nabesiXhosa? Sekela lokhu ngezibonelo. (15)

9. Sabalala kabanzi ngeqhaza elibanjwe yinguquko yokweqiwa konkamisa ekwakhiweni kwamagama olimini lwesiXhosa. Usekele ngezibonelo. [25]

10. Onkamisamaphahla sengathi abemukelekile ngendlela efanayo esiZulwini nasesiXhoseni. Veza lokhu ngokusebenzisa inguquko yokulumbana konkamisa. [25]

..........................................................................................................................